

PULA IMVUILA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>



UMASHI
2018

UBELULEKI – ukukhula kolwazi kubo bobabili umeluleki nomelulekwa



Yini eyenziwa abeluleki?

Iphrojekthi ye-*Grain SA Subsistence to Abundance* ngokubambisana ne-The Jobs Fund (Isikhwama sikaZwelonke), i-Kynoch, i-Monsanto, i-SA Lime & Gypsum, i-Syngenta kanye noMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya kanye Nezinguquko Kwezomhlaba, bagxile ekwelulekeni njengesekelo souk-implimenta le phrogrammu.

Njengabeluleki sinikwe umsebenzi wokusiza siyenze ibe lula le phrogrammu ukusuka esigabenii esiphansi ezimpandeni. Siludlulisela kubalimi ngqo ulwazi ulumayelana nale phrogrammu. Senza uxhumano olulojiki ne-planning mayelana nokudiliva ama-input. Siqoqa ulwazi nedatha kubalimi

Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo

Funda ngaphakathi:

04 | **Ukusuka ku-subsistence kuye ku-Abundance naphambili**

06 | **Ukuthi jeqe emuva ku-2017**

12 | **Izilimo eziyisembozo – yehlisa ubungozi futhi-ke ukhulise umkhiqizo**



04



12

15

Ubeluleki empeleni yinqubo yokweluleka nokuqequesha ngokwedlulisa ulwazi lomunye nobuchwephesho kolulekwayo.

Bengingumeluleki kubalimi abancane phecelezi ama-subsistence famazi abalinganiselwa ku-90 eminyakeni emithathu edlule njengengxene yePhrogrammu ye-*Grain SA* yokuThuthukiswa kwabaLimi efuna ukufinyelela kubalimi abase-zindaweni ezssemakhaya asemajukujukwini eduze kwase-Escourt, KwaZulu-Natal. Isipiliyonni sami sokuba umeluleki kube yisigigaba sokukhula nokukhanyiseleka – ngiyethembra futhi ngiya-kholwa ukuthi kube njalo nakulabo ebengibeluleka.





UGOGO JANE UTHI...

Njalo ngenyanga iPula Imvula inginika ithuba lokwabelana nani ngomqondo. Siphila ezikhathini ezinezinselelo futhi sibhekana nezinguquko ezingapheli nokungaqiniseki. Ngokuvamile ushintsho lunzima kubantu futhi ukwesaba into ongayazi lokho-ke kunenselelo enkulu.

‘Guqla imicabango yakho nomhlaba wakho uzowushintsha’ – ngu-Norman Vincent Peale. Lesi yisicasunwa esihle ngenxa yokuthi umqondo ngamunye wethu uhlala emhlabeni wethu sodwa, eqinisweni lethu sodwa. Sithemba izinto ongekho namunye ongaba nokuthembela, sisaba izinto okungenzeka ukuthi aekho omunye ongazesaba. Sikhalela izinto ezingasoze zadalela omunye usizi. Ngamunye wethu ubhekene nemicabango yakhe futhi uma uguqula imicabango wakho, ungauguqula umhlaba wakho.

Emhlabeni wakho mhlampe ukhathazeke ngokuvikela ukudla, ukuphepha kwakho, isomiso, mhlawumbe izikhukhula, imali, imfundu, impilo. Kwe-sinye esikhathini into okufanele siyenze ukuba siqale ukucabanga ngokwehlukile – ucabange ngezindlela ezintsha zokubheka izinto, izindlela ezintsha zokwenza izinto ezindala, wenze izinto esintsha, izilimo ezintshe ozozitshala. Asezame ukwesaba izinguquko ezidingwa umphakathi wethu. Kudingeka sisingathe uguquko futhi sibe yingxenyen yomhlaba omusha esiwudalayo. Kudingeka siguquke, sibe nesibindi futhi sithathe isinyathelo esilandelayo esingakuthatha siyokubeka endweni entsha ceke.

Ngokwezelopoli ziningi izinto ezingaqinisekile ezibhekene nezwe lethu njengamanje. Sipupha ngomhlaba omusha lapho thina sonke singaba yingxenyen nesizwe esiphumelelano, nomnotho ophilayo, kunciphe ububha nokungalingani. U-George Bernard Shaw uthi: ‘Inqubekela phambili ngeke yenzeke ngaphandle koshintsho, futhi labo abangeke beshintshe imiqondo yabo akukho abayokushintsha’. Qalaza eduze kwakho futhi ubheke ukuthi ungenza kanjani ukuba ube ngamandla oshintsho oluhle ekhaya lakho, emphakathini wakho nasezweni lakho. Yenza lokho ongakwenza futhi uzame ukwenza umehluko. Khumbula, uNkulunkuli uthi ubothanda umakhelwane wakho – hamba kumakhelwane wakho, mthande futhi ube yingxenyen yomnyakazo omkhulu uqonde oguqukweni oluhle ezimpilweni zethu nasemhlabeni wethu.

‘Lwenziwa kanjena ke uguquko. Umnyakazo owodwa. Umuntu oyedwa. Umzuzu owodwa ngesikhathini’ – Libba Bray.

Ubeluleki – ukukhula kolwazi kubo bobabili umeluleki nomelulekwa

ngenholo yokurekhoda kanti okubaluleke kakhulu senza uqequesho lwethiyori nolu-phathekayo phecelezi practical/ngokwemigomo yokukhiqizwa kommbila eNingizimu Afrika. Lokhu umsebenzi omkhulu kwasinye isikhathi kuthena amandla, kodwa ngokubambisana kahle nabalimi abanomdlalandla kungaba yisipiliyono esijabulisayo. Njengakuwo wonke amaphrogremu, abandakanaya abantu abaningi, kubalulekile ukusebenza kahle njengeqembu.

Ukusiza ngephrogremu enku kanga-ka nokuxhumana nabalimi abaningi kungaba nezinselelo zako. Yikho ke okwenza ukuba abalimi bahlukaniswe ngama-‘study groups’ benze amaqembu ngokwezindawo abahlala kuzo. Onke ama-study groups aba ngaphansi kwe-Grain SA’s regional

offices eyodwa bese benikwa umeluleki. Sihlangana nama-study groups njalo ngevi-ki endaweni yokuhlanganelo njengasenka-ntolo yesizwe, esontweni noma ehholweni lomphakathi lapho senza khona uqequesho lwethiyori emayelana nokwethulwa kwesti-labhasi yokukhiqizwa kommbila phecelezi introductory syiilabus of maize production. Isilabhasi ikhava izihloko ezifana nokukhula nokuthuthuka kommbila, ukudingeka kwamanyuthriyenti, ukutshala nokuvuna, ukulawulwa kokhula nezinambuzane kanye nezihloko ezimayela nokuphathwa kwe-bhizinisi, njengokugcinwa kwamarekhodi, ukubhajetha nokumaketha.

Imihlangano yama-study group iphinde ibe yindawo yokuxhumana kwabali lapho bexoxa khona ngezinto ezibakhathazayo,



Oyedwa kwabelulekwayo wemukela ama-inputs.

UKUTHUTHUKISWA KWABALIMI



Ikhaya elinokudla okuvikelekile ngokwephogremu i-subsistence to Abundance.

babuze imibuzo namasu. Lokhu kuwusizo olukhulu uma kuza ekuphathweni kwezinsiza njengoba ngokuvamile uthola ukuthi abalimi abanamasimu asondelene bakhetha ukuhlanganisa ndawonye izinsiza zabo (ikakhulukazi imishini) ukuze banchiphise ezindlekweni.

Imihlangano yama-study group abeluleki bangayisebenzisa ukubhekana nokuphatha jikele (i-Jobs Fund ibeke izidingo eziqine kakhulu kulokhu, ngakho ukugcinwa kwamrehodi aqondile nokugcwaliswa kwamaphepha phecelezi i-paper work umsebenzi omkhulu kithi). Emva komhlangano ngokuvamile sibese siyahlukana senze amaqembu amancane lapho singasebenza khona ngamunye sibekane nezihloko zezinto eziphathekayo ensimini. Izihloko ezifana nokubalwa kwe-area inani lezitshalo kanye nokubalwa kobubanzi bohele kanye nokukhalibhrethwa kwemishini efana ne-spray rigs ama-planter, nezifafazi zikamanyolo konke kufakiwe.

Ngicabanga ukuthi le phrogrammu idilive imiphumela engakholakali kuze kube yimanje futhi ngingasho ngingangabazi ukuthi ngithole ulwazi olwenelisayo empilweni yami. Ukubona abalimi abanomdlandla behkula futhi be-implimenta loko abakufundile kunomvuzo omkhulu kakhulu.

Kusobala ngeke uthole imphumelelo engu-100% 'wabaphasile'. Ngithanda ukusebenzisa le sifanekiso seklesi lezingane zesikole lapho i-avareji ka-20% izokwenza kahle kakhulu, u-60% enze kahle ngokwe-avareji bese kuthi u-20% angenzi kahle. Lokhu kuyafana nalokho engikubonile ku-study group emiswe phakathi kwabalimi/nabelulekwayo. Futhi njengaye uthisha uyaziqhenya ngalabo abafake umfutho bathola imiphumela emihle, nami ngokunjalo



U-Mnu. no-Nkk. Zuma – ebabili ebengibeluleka abawina i-Subsistence Farmer of the Year ka-2016.



Ukuhlola iploti letrayeli yommbila.

ngiyazigqaja kakhulu ngalabo balimi abazimisele ngokuhambela imihlangano bafunda ukuze bathole imiphumela engcono.

Ngokwami, sengiluqondisisa kangcono manje uhlelo lwasemakhaya nokusebenza ngokuhlanganyela ezweni lethu. Amehlo ami avulekile abubona ububha ukungalingani okukhona ezinhlakeni zethu zenhlalakahle ezadalwa ukwehlukaniswa kwethu kвесikhathi esedlule. Ngisibonile isidingo sokuqala sokusiza, hhayi ngemali kuphela kodwa nangesimo solwazi.

Kukhona indlala yowlazi neyamakhono kusukela ezingeni eliphansi nokuyinto ejabulisayo kakhulu. Lokhu akudingekile ukuba kulethwe yisikhungo sezemfundo; kungeza nomeluleki. Ngicabanga ukuthi lona umsebenzi wabo bonke abanetshisekelo kumkhakha wezolimo benze

ubambiswano futhi baqhubeke nokweduliselola lolu hlobo lolwazi – ngibone umthelela omuhle kakhulu kuma-subsistence fama. Ngenxa yokuvikela ukudla, ubudlelwano bomphakathi, ukuqedza indlala nokuthuthukiswa kwezindawo ezisemakhaya kanye nenqubekela phambili yenhlakahle noguquko kwezomnotho, ngeempela lokhu kudingeka kuhlale kuyinto ephezelu eqhulwini!

I-athikhili ibhalwe ngu-Gavin Mathews, i-Bachelor in Environmental Management. Uma ufuna imininingwane egcwele, thumela i-imeyili ku-gavmat@gmail.com.

Ukusuka ku-subsistence kuye ku-Abundance naphambili

-Santam Agri ivezele iGrain SA ukuthi ingathanda ukuhlanganyela kwi-Jobs Fund Project, Kusuka kuSubsistence kuye ku-Abundance futhi bacele ukuba sibafakele isicelo soxhaso lwezimali kubo.

Sanquma ukufaka izicelo zoxhaso Iwamamawali okuqequesha ngokusebenza okuphephile nokugcinwa kommbila, i-GPS devices izose-tshenziswa ngabeluleki, nemishini yokuvuna abalimi abathola isivuno esiphezulu.

Ukuqequesha

Eminyakeni emiringi edlule, i-Maize Trust yaxhasa ucwaningo, olwenziwa yi-Cape Peninsula University of Technology, nge-mycotoxins kanye nomthelela wayo empilweni yomuntu. Ngo-2017, iPhrogremu yokuThuthukiswa kwabaLimi uyakwazi ukuthola uchungechunge Iwama-athikhili alawa ma-Mycotoxins futhi bawashiclela kwiPula Imvula (lapha ahunyushwelwa ezilimini eziyisithupha). Kubalulekile ukuthi emva kokwenza ucwaningo imiphumela kufanele ifinyelele kubantu abampilo yabo ingaba nomthelela kulolu chwaningo.

Nakuba iPula Imvula ingumsakazo omkhulu osabalalisa ulwazi kubafundi, sicabanga ukuthi isifundo sokuqequesha sosuku olulodwa kumalungu

ephrokethi yeJobs Fund kulaluletha ekhaya lolu lwazi kubalimi futhi mhlampe kube nomthelela ngendlela abameneja ngayo nabagcina ngayo ummbila wabo emva kokuvuna Ngoxaso mali Iwe-DST, sakwazi ukwethula isifundo sokuqequesha kuma-group abalimi ayi-95, safinyelela kubalimi abayi-1 700 abakhiqiza ummbila abazisebenzisela wona, futhi osele bayawudayisa ukuze bazitholele imali.

Ngesikhathi salezi zifundo, abalimi bafundiswa ukubona ama-mycotoxins ahlukene nokuqondisisa izimo aphila ngaphansi kwazo. Njengoba iningi labalimi liphila nakho ukunukubezeka, kwakubalulekile ukubeka obala ubungozi obubandakanyekayo abasengcupheni yabo – okunye yi-carcinogenic, ezinye zidala umonakalo ezinsweni, ezinye zisheshe zithombise izingane zamantombazane, ezinye zene uphalaze nekhanda libe buhlungu, njl.

Izibonakalo ezibaluleke kakhulu kule zifundo kwaba ukufundisa abalimi ukuvuna nokugcina ummbila ukunciphisa umthelela, kodwa nakho ukuhlunga, ukususa nokuuwasha ummbila ngaphambi kokuba usetshe-nziselwe ukudla. Le mikhuba ingakunciphisa kakhulu ukunukubezeka futhi lokho kwenze nempilo engcono kubalimi abasemakhaya.

I-GPS devices

Esine sezidingo zale phrokethi nganxanye ixhawe yi-Jobs Fund (Isikhwama sikaZwelonke) ukuthi onke amasimu abalimi bonke kudingeka enzelwe imephu. Umsebenzi omningi lo njengoba umlimi ngamunye enamasimu amanangi futhi abalimi bangaphezulu kwe-3 800 ku-5 200 ha. I-Santam ngesihle ivumile ukuthenga ama-devices ayi-37 anconye yithimba le-BFAP ngenhloso yokwenza lo msebenzi.

Ifiga 1 ikhombisa imephu kwisistimu ye-BFAP, ikhombisa umhlabu ngamunye wabanye babakimi endaweni yaseBergville. Ngenkathi kusenziwa imephu, yona le-device ithatha izithombe kanti futhi isetshenziswa ukubamba imininingwane yomlimi nensimu. Yonke le datha iyarekhodwa ku-BFAP sistimu ukuze isetshenziswe esikhathini esizayo kule phrogremu. Le sithombe sikhombisa inani elikhulu lomhlabu ongasetshenziselwa ukukhiqiza izilimo kulezi zindawo – likhona ithuba lokukhula kwephrogremu!

Isithombe 3 iyisibonelo semininingwane esinawo ngomlimi ngamunye – isithombe sakhe, isithombe sesimo somhlabu ngenkathi kwensiwa imephu, imephu yomhlabu onama-co-ordinates, ikhombisa usayizi ngqo wenhabathi, kanye nesithombe esikhombisa umhlabu



Ngesikhathi sezifundo zokuqequesha, abalimi bayafundiswa ukuba bakwazi ukhomba ama-mycotoxins nendlela yokuvuna nokugcina ummbila ukuze kuncishiswe imithelela.

UKUTHUTHUKISWA KWABALIMI

3




Imininingwane yomlimi ngamunnye iyathathwa futhi irekhodwe kusistimu ye-BFAP.

4



i-GPS device isetshenziswa ukubamba imininingwane yabalimi inebhethri elinempi lo ende kanye nememori enku.

oqondene naleyo ndawo. Ngokolwazi lwethu, awekho amanyi amaphrogremu asekela aba-



Ufiga 1: Imephu ephuma kwisistimu i-BFAP, ekhombisa umhlaba ngamunye wabanye babalimi endaweni ese-Bergville.

limi anali mininingwane ejiyografikhali kuwo onke amalungu abo.

Ema-devices (**Isthombe 4**) akhethwe ngokucophelela ukwenza le zimo ezidingekayo – anebethri ehlala isikhathi eside nememori enku. Iningi labalimi lapho benamasimu abo khona abanakho ukuxhumana ne-sathalayithi ngakho ke umeluleki kudingeka ikwazi ukwenza umsebenzi bese yenza i-sync ku-BFAP sistimu uma befika endaweni enokuxhumana okuhle.

Ama-device nawo enziwe ngendlela abeluleki kufanele babe sebangeni elingamarnitha ayishumi ensimu ukuze bakwazi ukuthwebula isithombe saleyo nsimu – lokhu kuvimbela ukuba kungalodwa isithombe ngaphansi kwegama lomlimi mhlawumbe akungeyona insimu yakhe. Ama-device aphinde assetshenziselwe ukuquoqa uhlolo lwemininingwane emayelana nomlimi akhonjiswe kumagrafu – umthelela wale phrojethi ungaphezulu kakhulu kunokuvikela ukudla kwasekhaya.

Ngenxa yokuthi iningi lalaba balimi abafunde into engatheni lokho kusho ukuthi ngeke bawuthole umsebenzi – ukukwazi ukusebenzia umhlaba ukungenisa imali iyona yodwa into abengayenza. Iningi labalimi kule phroekhi basemikhakheni ‘emidala’ – nakho lokho kuchaza ukuthi akusekho okuningi abangakwenza okungabangenisela imali.

Babalimi badayisa umkhiqizo wabo omningi ekhaya/ endaweni – ukwenza ngcono ukuvikela ukudla kwamanye amalungu nakhona endaweni.

Imishini yokuvuna

Babalimi abayingxene yale phrokethi balima futhi bevuna ummbila ngendlela ephansi yasemakhaya. Esikhathi sakudala, babekwazi ukubhula isilimo ngesandla ngoba isivuno sasiphansi kakhulu. Kodwa, ama-inputs asenziwe ngcono nezindlela zokukhiqiza, laba balimi abasakwazi ukubhula amavolumu ngesandla.

i-AfriCA Implements eBothaville ikhiqiza umshini omncane wokubhula osebenza ngodizili futhi sibe nenhlahlha yokuba sikhazi ukutholela abalimi eminye ngoxhaso lwe-Silostrat eWelokom ne-DST. wokuthola Kodwa isidingo sikhulu futhi sibonga kakhulu kwabakwa Santam Agri ngokusixhasa ukuze sithole eminye imihsini yokubhula eyisithupha.

I-akhikhili ibhalwe ngu-Jane McPherson, Imeneja yePhrogremu yokuThuthukiswa kwabalimi, kwa-Grain SA. Uma ufuna imininingwane egcweli, thumela i-imeyili kujane@grainsa.co.za.



Pula Imvula's Quote of the Month

Happiness does not come from doing easy work but from the afterglow of satisfaction that comes after the achievement of a difficult task that demanded our best.

~ Theodore Isaac Rubin

UKUTHI JEQE EMUVA

KU-2017

I Phogremu ye-Grain SA yokuThuthukisa
abaLimi (i-Grain SA FDP) idume izwe
lonke njengomkhumbi kandunankulu we-
mpumelelo yentuthuko yabalimi ngesikhathi
ukushintshwa komhlaba noguquko kuyinto
ebalulekile ezweni lonke.

Ngaso lesi sikhathi yiningi ingcindezi engachazeki kwezomnotho nengindezi yezenhla-lakahle ehlezi emahlombe omkhakha wezolimo hhayi kuphela ezweni kodwa emhlabeni jikele. Ngaphandle kwezinselelo ezingenakubalwa nengindezi ekapaka ize yedlule ezepolitiki nokuqondisa amaphutha esikhathi esedlule, umkhakha wezolimo, ucelwe ukuba udlale indima enkulu ekwakheni iNingizimu Afrika entsha.

Abalimi bokusanhlamvu kwezopolitiki bavotele iGrain SA, masinyane babonile ukuthi umkhakha wezolimo kudingeka uguqulwe futhi lokho kubaluleke kakhu lu ukulwela ukuthi kube nesimo lapho bonke abalimi bokusanhlamvu kungakhathalekile ukuthi abaluphi uhlanga, ipulazi lingakanani, noma amandla babe nezwi elilodwa elibumbene lokumelela umkhakha futhi balungise izidingo eziywalekile nezinselelo. Isinqumo seNhlangano kwaba ukusungula umkhakha woku Thuthukiswa kwabali phecelezi *i-Farmer Development division* phakathi enhlanganweni ezogxila ekuthuthukisweni kwabalimi. Lolu hlelo belulawulwa ngu-Jane McPherson kusukela ngo-2005 futhi selufinyelele ekujuleni kwezinhlizivo zabalimi ezwensi lonke.

Inhloso yethu ukunikeza amandla abakhqizzi abamnyama abalimela ukudayisa kanye noku-bamba iqhaza ekuvikeleni ukudla ezweni ngokuse-benzisa kahle kakhlulu umhlabia nezinsiza abanazo abalimi. Ithimba le-FDP ligxile ekutheni kutholakale izindlela ezziwakalayo ezizohlanyela ephusheni lokuba nomkhakha wezolimo obumbene noyi-mpumelelo ngenkathi usiza ngempilo nezinguquko ezizinzelu kulo mkhakha olima okusanhlamvu.

Kuyinhloso yethu ukubamba iqhaza ekufukuleni abantu ngabanye abasebenza kwezolimo nokusiza ekwenzeni ngcono ukudala amathuba azongenisa imali kulabo abane-eksesi enhlabathi-

FROM SUBSISTENCE



TO COMMERCIAL



ni. Ngaso sonke isikhathi leli thimba ligxila kubantu esisebenza nabo, ngenhlosa yokwenza ubudlewano obunempilo nabakhiqizi bokusanhlamvu abasathuthuka.

Ngokusiza abalimi ukuba basebenzise inhlabathi abanayo, kungakhathalekile ukuthi ingakanani, umkhakha uzokwazi ukuphemba umnothofuthi wenze isisekelo sentuthuko yokunye. Amareythi okuswela umsebenzi aphezulu kakhulukanuba umkhakha wezolimo ungenakho ukusebenza okuqinile nokho maningi amathuba omsebenzi asungulwa ezindaweni ezsiekelya ngenxa vermisebenzi evisiekelya sezolimo.

Siyakholwa ukuthini intuthuko ezinzile yenzeka ngenkathi umlimi ngamunye enezinto zokusebenza ukuze azibophezele emsebenzini wakhe. Abalimi kufanele banikezwe amandla kakhulu kunokuba balinyelwe osonkontileka. Okunye futhi uma kungenzeka, abalimi kufanele babe nempahla yabo yokusebenza ukuze bengazuncika kwabanye abazobanika isevisi.

Sisebenzisa izindlela eziningi zokufundisa ukudululisa imilayezo mayelana nomkhqiqizo wesi-manje, ukubaluleka kokuzibophezelu nokugcinwa kwamarekhodi kanye imigomo ebucayi nokupahathwa kwebhizini. Okubalulekile ngezinhloso zethu

UKUTHUTHUKISWA KWABALIMI

U-William Matasane ulima uduze kwase-Senekal kanti futhi yilungu eliziqhenyayo le-Grain SA. Uyavuma ukuthi wayeswele ulwazi nama-khono ngaphambi kokuba azibanda-kanye nale nhlangano. Ngiyabonga kakhulu iPhrogrammu yokuThuthukisa abaLimi inhle kakhulu nangolwazi engiluthole ngokuhamba ama-study group nezinsuku zabalimi, ulwazi lwakhe mayelana nomkhiqizo wommbila nojika nelanga, izinhlelo zezinsiza kanye nokuphathwa kwamapulazi kakhule kakhulu. Uthi kodwa usathanda ukufunda kabanzi mayelana ne-Safex kanye nangoku-dayiswa kokusanhlamu ukuze akwazi ukumeneja ukumakethwa kwezilimo zakhe.

U-Mavis Hlatshwayo, oyi-Subsistence Farmer yoNyaka ka-2017, uthi, 'ngiyabonga kakhulu ngale-phrogrammu, ngoba kuleli zwe elinabantu ababhuqwa yindlala, ngiyakwazi ukukhiqiza ummbila owanele wokondla umndeni wami. Ngingakwazi ke ukudayisa okusele ngizenzele imali.'

U-June Shongwe ulima esifundeni saseHlanzeni futhi wayelulekwa yi-Reginal Manager uJerry Mthombothi uthi, 'ngithole ulwazi oluningi ngokulima okufanele nangokukhiqizayo kusukela ngajoyina i-Grain SA ngo-2012. Ngafundiswa ngembewo eyikhwalithi elungile, ngakhonjiswa ukuthatha amasampula enhlabathi ukuze ngikwazi ukusebenzisa nokuthela umanyolo ngokufanelekile futhi ngakhonjiswa ukuthi ihlolwa kanjani i-pH yenhlabathi yami. Ngakhonjiswa futhi nama-herbicides okufanele ngiwasebenzise ukulawula ukhula.'

isilinganiso sempumelelo ukuzina komkhiqizo umkhiqizo omuhle wezilimo eziletha inzuko kwihektha ngalinye kusamba samahektha atshaliwe, noma inombolo yesamba samathani avuniwe.

Abaphathi besifunda

I-FDP isungule isinyathelo sesifunda esibalulekile esibumbe ubudlelwano nabalimi nebhizinisi

lezolimo ngempumelelo. Bayisishiyagalolunye abaphathi abasevisa abalimi, abaqhuba ama-study group nabeluleka abalimi asebesesigabeni esiphezulu ezindaweni ezibalulekile ezilima okusanhlamu eNingizimu Afrika. Ihovisi ngalinye limelwe yimeneja kanye nesekela lomphathi. Ngokwe-avareji, eyodwa yezemeneja ihamba ibanga elilinganiselwa ku-4 000 km ngenyanga!

La mameneja ayisishiyagalolunye ngu:

- U-Jerry Mthombothi – eNelspruit;
- U-Du Toit van der Westhuizen – eLichtenburg;
- U-Jurie Mentz – eLouwsburg;
- U-Graeme Engelbrecht – eDundee;
- U-Johan Kriel – eLadybrand;
- U-Sinelizwi Fakade – eMthatha;
- U-Ian Househam noLuke Collier – eKokstad nase-Maclear; no-
- Liana Stroebel – ePaarl.

Ibhizinisi elihlanganyelwe

Esinye isithako esiwukhiye sempumelelo yethu **yinethiwekhi enamandla ebhizinisi elihlanganyelwe** esilisungulile. Asivumi kuphela ukuthi ukukhula kwebhizinisi lomsebenzi wethu kumayelana nekwesekwa ngophathina bethu ngqo – kodwa siyakhola futhi ukuthi ivelu yokuzungeza umlimi ngamunye ngamanethiwekhi abanzi ochwepheshe afinyelela ngale kwethimba le-FDP futhi bonke bayoqhubeka nokweseka abalimi ezifundeni zabo yize bengasayidingi intuthuko yokwesekwa. Yiso ke lesu sizathu esenza silisingathe ibhizinisi lokuhlanyela elabelana nombono wethu futhi bayathanda ukupromotha ukuthuthukisa kwabalimi.

Sisakhulumu ngebhizinisi lokubambisan... i-Grain SA ibe nenhanhla ngokuthola uxhaso kuma ejensi amanangi eminyekeni eminingi okubalwa kuwo i-Maize Trust, i-Winter Cereal Trust, i-Oil and Protein Seed Development Trust, i-Sorghum Trust, i-AgriSETA, i-ARC, uMnyango wezoLimo kaZwelone, amaHlathi nokuDoba (DAFF) kanye noMnyango wezokuThuthukisa kweZindawo ezisemakhaya kanye neziNgquku kwezoLimo (i-DRDLR) (okwekhephthalazeshini yabalimi) kanye nama-Regional DAFF ahlukene neNtuthuko yaseMakhaya yeminyango kahulumeni. Singayenza kuphela i-#MakeADifference ngaloluhlobo lokwesekwa. Abaxhasi ababalulekile abafake isandla emisebenzini yethu ka-2017 kube yilaba:

i-Maize Trust

Siyasibonga kakhulu isibonakaliso esiqondile sama-Trustees, enze i-Grain SA yokuThuthukisa kwabaLimi ukuba ikwazi ukuqalisa iphrogrammu ebalulekile nenikeza amandla okuhlomulisa abalimi bokusanhlamu abasathuthuka eNingizimu Afrika.

Kusukela kwasungulwa i-Grain SA ngoJuni ka-1999, ukubambisan phakathi kwe-Maize Trust ne-Grain SA FDP kwenze umnikelo obalulekile ephusheni likahulumeni kazwelonek ukuheshisa uguquku emkhakheni wezolimo. Leli bhizinisi lokubambisan li:-

- Libe nomthelela ekufundisweni kwabalimi nasekuthuthukiseni amakhono.

- Lilandela ithemba lomkhiqizo ngeyunithi eriya kusetshenzisa imikhuba emihle yesimanje nezindlela zokulima.
- Ukwenza ngcono iqhaza labalimi abasafusa ukuya kubakhiqizi bommbila ezweni futhi ngenxa yalokho babambe iqhaza elibalulekile ukuqinisa ukuvikeleka kokudla.
- Ukuqinisa ubudlelwano nesistimu yokweseka phakathi kwabalimi abasathuthuka kanye nenethiwekhi yomkhakha yama-stakeholders nabatlala indima.

Iningi labalimi bommbila eNingizimu Afrika alikaqali ukukhiqiza ezingen iokudayisa. Iningi lama-sub-sistence farmers liliima okusanhlamu ukuze londle ikhaya, kusale mhlampe okuncane abangakudayise. Ngenxa yezizathu ezahlukene abakafinyeleli ukutheni bathole isivuno/ha lokho abanamandla okukwenza.

Abanye abalimi balima izilimo endaweni enku-lu kodwa nakhona abasitholi isivuno ngokwe-ha okufanele basithole. Nakuba lokhu kungenzeka umphumela wokweswela ama-input ayikhwalithi, kungaba nomthelela wokweswela ulwazi nama-khono mayelana nezindlela zesimanje zokukhi-qiza kanye nokungaondisi ngokuphathwa kwebhzinisi namakhono okumaketha. Ulwazi olunjalo namakhono anomthelela oqonde ngqo hhayi kuphela ngenxa yokutholakala kwestivuno kodwa nangenxa yokwenzeka nokuqhubeke njalo kwamabhinisi okulima ngaphandle kkungakhatalekile ukuthi yi-subsistence, i-smallholder noma imisebenzi yokulimela ukudayisa.

Iningizimu Afrika inabalimi abaningu abamnya-ma abasafufusa abalima ummbila ezindaweni ezibanzi zokusebenza, kusukela kubalimi abangama-subsistence nama-smallholder kuye kwasebe-qinile abangama-commercial famazi. I-Grain SA FDP ihlose ukuhlomisa abantu, ngokuthuthukisa amakhono, ukuqequeswa nokwelulekwa, ukukhiqiza izivuno ezinkulu uma kwenzeka kusukela kuwo wonke ama-hektha awatshalayo, ngaphandle kohlobi lwe-eksesi yabo emhlabeni noma usayizi yokusebenza kwabo kwezolimo.

Kuyajabulisa ukubona ukuthi akukhathalekile ukuthi usebenza endaweni engakanani, uma abalimi bekwazi okufanele bakwenze, bakwenze ngasiphi isikhathi, banamandla okuphuma be-yokwenza izinto ezifanele ngokusebenzise ulwazi lwabo olusha, bengahlulekile bathola ukuthi umfutho wolwazi lwabo luholela ezivunweni ezingcono. Siyabonga emsebenzi owenziwe yile-phrogrammu izinkulungwane zabalimi abasathuthuka eNingizimu Afrika sezivuna izithelo ngenxa yokwenza izinto ezi-fanele ngesikhathi esifanele ngendlela efanele.

i-Winter Cereal Trust

I-Grain SA FDP yaseNtshonalanga neNingizimu neKapa iphethwe ngu-Ms Jane McPherson, Imeneja: Ukuthuthukisa kwabaLimi futhi kwaqaliswa ngu-Ms Liana Stroebel kanye nomekwi kwezokuphatha u-Hailey Ehrenreich ehovisi lesifunda leGrain SA e-Paarl. Umsebenzi waleli hhovisi ukuxhumanisa onke ama-study group nezinsuku zabalimi ezisingathwa kule sifunda futhi isibenza ngqo ukuhambisa ulwazi olithile lomkhakha

Ukuthi jeqe emuva ku-2017

kakolo kanye nokubona amasu ukukhuphula amakhono angaqhubeka nokuhlomisa abalimi.

Iphrojekthi yokuthuthukisa abalimi esifundeni iNtshonalanga neKapa naseNingizimu neKapa si-yaqhube ka nokusevisa abalimi ikakhuluzi ngamakhono, ukunethiwekha, ubuchwepheshe obuthile bezilimo nokwesekwa ukupromotha ukukhiqizwa kukakolo, nenhloso ethile kanye nokusekela ukupromotha ukukhiqizwa kukakolo, nenhloso yokusekela abalimi ukuya kwintengiselwano.

I-Grain SA ikhola ukuthi izinhloso zesikhathi eside izofezeka ngokukhuphula amakhono nokuhlomisa abalimi abasathuthuka nabasebenzi basem-pulazini ezindaweni ezikhqizwa ukolo ngezindlela ezahluklukeni zokuxhumana kanye nangokusaka-zwa kolwazi lwemboni kakolo kuye emkhakheni we-zolimo ngobubanzi ngephephabhu iPula Imvula ngokupromotha ubudlelwano phakathi kwabalimi nabanye ababambe iqhaza kulo mkhakha.

Uxhasomali njengoba Iwamukelwe yi-Winter Cereal Trust (WCT) lo nyaka wezimali ka-2017 lushiya ngaphandle konke ukwesekwa okuqonde nggo kwezindleko zokusebenza neziqondene nomuntu zokupatha ihhovisi lesifunda ePaarl. Futhi akusaxhasi isikhwamazimali zemisebenzi ewukhiye eyaziwa ngokuvakashela umlimi ngamunye noma okuqalwe yi-study group ngobubanzi. Lokhu kusho ukuthi uxhasomali lwe-WCT lusetshenziswa ngokukhethekile i-: **I-Farmers Days, i-phrogramme-Farmer of the Year, izifundo zokuqeqesha namamethiriyali** nokuxhumana ngephephabhu iPula Imvula.

I-Oil and Protein Seed Development Trust
Sikhola ukuthi izilimo i-OPDT ewumpetha wazo njengo jika nelanga, ubhontshisi isoya, ikanola namantongomane kudlala indima ebalulekile kwimijikelezo yokukhiqizwa kwezilimo eziqaliswa abalimi esisebenza nabo, noma ziyingxenyey yesistimu yokujikelezisa izilimo, zihlanganyela ekwenzeni ngcono impilo yehlabathi noma zitshalwe ukwenza ngcono ukuvikeleka kokudla kwasekhaya.

Iningi labalimi liyaphoqeka ukucabanga ngezinye izilimo ezingatshala ngenxa yokuthi amanani entengo yommbila angaphansi kwengendezi, okwenza umkhiqizo wommbila ungabi nessasa lokukhetwa ukuya phambili. **Kudingeka sinqiseke ukuthi ukuqeqeshwa ngemikhuba yokukhiqiza nokwedlulisa amasistimu olwazi nokwelulekwa kuyatholakala kubalimi isizini yonke.** Kuze kube lapha i-OPOT ibe neqhaza ekuqeqeshweni ezifundweni eziningi abizwa.

I-Pula Imvula

I-OPOT yaxhasa ngezimali amakhosi amane oshicilelo Iwephephabhu iPula Imvula ka-Othoba, Januwari, Ephrerri noJulayi. Ama athikhili abhalwa abaphenye abanolwazi nabasebenzi bezolimo ngenhloso yokuthuthukisa i-ajenga yomlimi. Naku-

Ithebula 2: Uxhaso Iwe-Maize Trust.

La mahovisi alandelayo athola uxhaso lomsebenzi wama-study group kwa-Maize Trust:

	eDundee	eKokstad	eMaclear	eNelspruit
Ama-Subsistence farmers	1 961	1 722	1 052	1 293
Ama-Smallholder farmers	15	14	18	45
Ama-Potential commercial farmers	1	1	2	1
I-New Era Commercial farmers	4	3	2	0

ba umsebenzi wokuhumusha ukhokhelwa, lokhu kuncane uma ucabanga ngohlobo Iwamandla alolu Iwazi kanye nokutholakala kwalolu Iwazi lusabale kwabalufundayo kwensiwa ukuthi lukhishwa nangenzinye izilimi zabomdabu.

I-Monsanto

Kulo nyaka iMonsanto yenze umnikelo wesihle ezindlekweni zokusebenza **kwehhovisi lethu lessifunda** eLichtenburg, eLouwsburg, eLadybrand, eMthatha naseKokstad. Nabo benze umnikelo **we-ploti letayeli** atshalwe kumaphrokthi ezifunda ezahlukene ezweni lonke.

IMonsanto nayo uyahlanganya eku-xhaseni ama-**Farmers Days** esifundeni eLadybrand. Lezi zinsuku zihanjewa kahle futhi akusho ukuthi abalimi bamunca ulwazi kodwa nabo bayawusebenzia lo mcimbi ukwakha inethiwekhi yabo nama-saplaya nabamele amabhizinisi ezolimo. Yithuba elimangalisayo lokuveza abalimi kumikhqizo emisha namathuba amasha.

Okungafanele ukuthi umcimbi ohlewe eFouriesburg kwabe kuyi-Farmers Day yeshumi ukubanljewa epulazini lelungu leBhodi ye-Grain SA uJaco Breytenbach ngokubambisana noMonsanto. UMonsanto ngokuhlanganya neGrain SA iphinde yaxhasa umkhakha womncintiswano we-new-Farmer of the Year: **I-Potential Commercial Farmer of the Year** eyawinwa ngu-Paul Mvelekeni Malindi wase-Edenville.

I-Afgris

I-Afgris ngesihle ixhase ngokwezimali izindleko zokusebenza **kwamahovisi esifunda** eLouwsburg, eDundee naseLadybrand. I-Afgris nayo inikele kuma-Farmers Days amanangi. I-Afgris ibikade izimisele ngokuthenga ummbila kubalimi abancane nangokuhlanganya kuma-Farmers Days lapha babechaza khona izindleko zokumaketha, izindleko zokulonda kanye nohlaka Iwamanani entengo.

I-Pannar

Ngonyaka zimali ka-2017 i-Pannar yaxhasa ezindlekweni zokusebenza kwehhovisi lethu eMaclear ngokwesekelo liluleka ama-smallholder famazi. Amandla ezolimo lapha aphezelu kodwa umhlaba awukasetshenziswa wonke futhi kusenamathafa alele omhlaba ongasetshenziswa.

I-Pannar iphinde yelula isandla yasiza ekutshalweni **kwama-ploti etrayeli** ezweni lonke yaphinda futhi yasekela ukulontshwa kwe-**Farmers Days**. Kubaleke kakhulu ukuqaphela ukuthi amaploti etreyeli atshalwa kunabalimi engqondweni futhi ngakho ke izindlela ezisetshenziswa abalimi yizindlela ezisetshenziswa kumalungiselela, ukutshaleni nokaneleka izilimo. Inhloso ukukhombisa abalimi ukuthi lokho abangaphumelela kukho ngalokho abanakho besebenzisa imikhuba emihle yezolimo.

I-Grain SA

Ngokulandela isinqumo seNhlangano sokuqinise-kisa ukuhubekela phambili kokuthuthukisa kwabalimi ukhiye ezifundeni ezilima okusanhlamvu, iGrain SA yenze uxhaso **Iwezindleko zokusebenza** kwehhovisi lethu elisePaarl namahovisi aseLichtenburg.

Abanye abaxhasi abaqavile mayelana nokusebenza nezindleko zokusebenza Kwamahovisi eSifunda ilawa:

- **I-Sasol Base Chemicals**
- **I-Silostrat**

Lezi izinkampani ezikhola ukuthi ukuthuthukisa Iwezolimo okuzimelele yinto ephezelu eqhulwini ezweni futhi ngakho-ke zizinikele ekwenzeni umehluko emkhakheni wezolimo eNingizimu Afrika ngokuhlanganya neGrain SA Farmer Development Programme.

I-Jobs Fund – Kusukela ku-Subsistence to Abundance

I-Jobs Fund yaqalwa Sikhiana sikaZwelonke. Iphrojekthi equalwe yi-Grain SA Farmer Development ihlewe ngokwesekelo sika-1:1 uxhasomali – bamesha noxhasomali olvela kwabanye ophathina. Kulo mcimbi uxhaso olwenzwi abalimi kanye ne-cash value yesaphulelo semboni kwenza ‘umnikelo wakho’ ngalokho ibese imesa i-Jobs Fund. Iphrojekthi yamanje iyiphrojekthi yeminyaka emine nesingakwazi ukuhlanganya kuyo ngeziloko ku-:

a) Ukubambisana kwabaxhasi

- I-Monsanto inikeze isaphulelo se-stacked gene seed and Roundup;
- I-Syngenta yenzela abalimi isaphulelo sama-herbicides nama-insecticides;
- I-Kynoch inikeza isaphulelo se-planting mixtures ne-top dressing;

UKUTHUTHUKISWA KWABALIMI

I-Introduction to Soybean Production

Isifundazawe	Ihhovisi	Umqequeshi	Inombolo yabafundi
EFreystata	eLadybrand	UFanie Pienaar	24
ENyakatho Ntshonalanga	eLichtenburg	U-Boebie van Rensburg	19
KwaZulu-Natal	eLouwsburg	U-Paul Wiggill	18
EMpumalanga	eLouwsburg	U-Paul Wiggill	14
KwaZulu-Natal	eDundee	U-Gareth Alcock	25
EMpumalanga neKapa	eKokstad	U-Eric Wiggill	23
KwaZulu-Natal	eDundee	U-Chris de Jager	26
KwaZulu-Natal	eDundee	U-Paul Wiggill	25
Mpumalanga	eLouwsburg	U-Paul Wiggill	15
KwaZulu-Natal	eDundee	U-Gareth Alcock	15
Impumalanga neKapa	eKokstad	U-Eric Wiggill	26
Impumalanga neKapa	UMthatha	U-Sarel Pretorius	24
KwaZulu-Natal	eDundee	U-Paul Wiggill	19
IMpumalanga neKapa	UMthatha	U-Eric Wiggill	16
KwaZulu-Natal	eDundee	U-Gareth Alcock	25
EMpumalanga	eLouwsburg	U-Chris de Jager	16
KwaZulu-Natal	eDundee	U-Paul Wiggill	25

I-Introduction to Groundnut Production

KwaZulu-Natal	eDundee	U-Gareth Alcock	10
EMpumalanga	eLouwsburg	U-Chris de Jager	15
ENyakatho neNtshonalanga	eLichtenburg	U-Danie van den Berg	16
Mpumalanga	eNelspruit	U-Shadrack Mabuza	22
EMpumalanga	eNelspruit	U-Gawie Alberts	24
EMpumalanga	eLouwsburg	U-Gareth Alcock	18
EMpumalanga	eNelspruit	U-Gawie Alberts	22
KwaZulu-Natal	eDundee	U-Chris de Jager	12

I-Introduction to Sunflower Production

Inyakatho neNtshonalanga	e-Lichtenburg	U-Boebie van Rensburg	13
--------------------------	---------------	-----------------------	----

Ukukhiqizwa kweKhanola

INTshonalnga neKapa	ePaarl	U-Chris Cumming	6
INTshonalnga neKapa	ePaarl	U-Chris Cumming	7

U-Boebie van Rensburg wethula le sifundo eduze kwaseBrits futhi ubike ukuthi abalimi balambele ulwazi oluningi. 'Uwazi lwabalimi lapha lukahle kakhulu emkhiqizweni kajika nelanga.' Ngезизини edlule bathola imvula eyanele futhi abanye babo babika sisivuno esifinyelela ku-1,5 wamathani kajika nelanga ihektha. Balambele izifundo ezinjini futhi bangasijabulela isifundo sokunakekelwa kogandaganda phecelezi i-tractor maintenance.'

U-RJ Molefe: 'Le sifundo sasiqukethe ulwazi oluningi.'

U-Uhuru Zikala: 'Siyabonga ngokwenza izihloko ezingaba yindida, kulula kakhulu.'

U-P Molefe: 'Le sifundo singisize ngempela mina futhi ngizuze ulwazi olukhulu.'

U-LB Dlamini: 'Le sifundo sasiquke-the ulwazi oluningi nokuphathekayo.'

UFanie Pienaar wethula esinye salezi zifundo eduze kwase-Welkom nalapho anconywa khona ngokwethula kwakhe isifundo nokuthi wenza kwaba lula ukuba wonke umuntu aqondisise.

U-J Moki: uthi: 'Ithiyyori yethulwa kalula nangendlela eqondisisekayo. Kwaba lula ngisho kumuntu ongafundanga ezolimo ukuqondisisa lo mqondo. Yethulwa ngamatemu namakhonseptethi ahlikene enziwa lula. Izinyathelo eziyisisekelo, ezifana nenhlabathi nokulungiswa kwenhlabathi ezotshalwa kwenziva nakho, umuntu engakwazi ukuhlukanisa phakathi kwenhlabathi nokhula. I- lecturer yayisazi ngempela isifundo sayo. Indlela yakhe yokufundisa iyancomeka. Uyakwazi ukubeka ithiyyori ngokubambekayo. Wenze isifunda esilula ukuba siqondisiseke. Izibonelo zazilula futhi zazithinta izinhilizyo zalabo abafundisa.'

U-M Tseletsele: 'Mina nginomuzwa wokuthi safunda kakhulu kule sifundo futhi kuzoba mnandi mhlambe uma

i-lecturer uThabo noma omele i-Grain SA engasivakashela emapulazini ethu amapulazini lomutu noma abalima ngokuhlanganyela. Kungasiza uma bebona isimo sepulazi ukwenza isibonelo uhlollo lwenhlabathi futhi uma kufanele ukukhiqiza kabhontshisi isoya'.

Umbiko ovela kubalimi ukhombisa ukuthi isifundo besinemilayezo futhi bathola ukuthi bayazuza kuso.

U-Elroy Michaels: 'Ngithanda ukusho ukuthi le sifundo saba yimpumelelo kimi. Ngasijabulela ngempela futhi kwaba yinto eyisipesheli ukwethamela le sifundo. Uma singaba khona esinye esifundo esizokwethulwa ngingathanda ukusethamela.'

U-Daniel Arends: 'Kwaba yinto enhle kakhuu ukufunda ngekhanola futhi ngithanda ukufunda kabanzi. Ngiyabonga ingqegesho. Kwaba kuhle futhi nokuthola inqegesho ephathekayo yokucwaninga umhlaba.'

UDanie van den Berg wethula isifundo eMakwassie.

U-Ananlse Ntwago: 'Isifundo sahamba kahle kakhulu. Ngafunda izinti eziningi kakhulu ngamantongomane. U-Mr Danie wacacisa kahle. Ngamqondisisa kahle.'

U-Bartus Maerman: Ithiyyori yayiqukethe ulwazi oluningi.'

Ukuthi jeqe emuva ku-2017



Ama-study group alele enhliziyweni yePhrogrammu ye-Grain SA yokuThuthukisa abaLimi.

- I-SA Lime & Gypsum yenze isaphulelo sethani elilodwa le-lime umlimi ngamunye;
- I-Sasol Trust inikele ngo-cash kuzindleko zama-input; na
- I-DRDLR's REID phrogrammu yenza umnikelo ongu-cash kuma-input yasaplaya nangemishini engeziwe.

b) Umnikelo okhishwa abalimi

Abalimi futhi kufanele nabo benze owabo umnikelo okhula njalo ngonyaka iminyaka emine i.e. u-25% u-40% u-60% u-80% bese kuthi ngonyaka wesihlanu abalimi bazobe sebezikhokhela u-100% wezindleko. Kunethembu lokuthi le sikhathi esiyimnyaka eyisihlanu bazohloma ngamakhono nangobuchwepheshe ukuze baziqhubekele ngo-kwabo bengasancikile isikhathi eside.

Ngesizini ka-2016/2017 abalimi abangama-2 905 bahlanganyela ku-4 317 ha. Le phrojekthi ibandakanya amameneja ezifunda kanye nabeluleki abenjeziwe abangama-26 abasekela abalimi. La balimi bakhiqiza izilimo ezinhle kakhulu – abalimi abaningi bavuna isivuno esi-eksesi yamathani ayi-5/ha, futhi abanye bathola amathani afinyelela ku-9/ha. Ngesizini entsha bazobe bekurijini ka-4 000 yabalimi kuma-hektha angapezulu kuka-5 000.

Umnnyango wezeSayensi nobu-Chwepheshe (i-DST)

Lo Mnyango wenze umnikelo obalulekile kule phrogrammu kulo nyaka odlule. Ukuxhaswa kwale sifundo kwenze ukwethulwa kwezipundo ezifinyelela ku-95 okuyi: 'i-Mycotoxins-i-Safe Storage of Maize'. Ulwazi ikakhulukazi luqondene nabalimi abaningi abagcina okusanhlamvu kwabo ngenhloso yokuba kudliwa abantu nemfuyo.

Lo mnyango futhi wanikela ngezimali zokuthengela amanye ama-study group imishni

yokuvuna baphinda baletha impendulo ezingweni zomthamo wokulondoloza ngokunike-la ngama-'Cob Cages' ku-Jobs Fund yabalimi abanesivuno esiningi kangangoba baze beswela indawo yokugcina eyanele.

i-Santam Agri

i-Santam Agri inikele ngesihle imali zokuphrintwa kwama-manwali abafundi abathamelia i-DST course 'i-Mycotoxins – i-Safe Storage of Maize' ukuze abalimi bezoba nebhuksu lokureferensa lale sifundo esibaluleke kangaka ngokuzayo.

I-Jobs Fund phrojekthi ifuna ukuqoqa iminingwane yedatha ne-information systems. I-Santam Agri inikele ngesihle i-high-tech GPS devices abayisebenzisele leyo nhloso abeluleki bethu be-Jobs Fund.

Baphinde bafaka isandla ekuthengeni imshini wokubhula eyaba isidingo esisheshayo esa-vuka ngenxa yomkhuba womkhijizo ongcono nesivuno esihle sabalimi be-Jobs Fund abake basibona phambilini.

i-DRDLR – i-Recapitalisation and Development Programme eFreystata

Iphrojekthi emenejwa ngu-Johan Kriel eLady-brand Regional Office futhi ugxile ku-capacity development i.e. emfundweni nasekuthuthukisweni kwamakhono kanye nokuthuthukiswa kwe-ngqalasizinda naku-ophareshinali inputs. Lokhu kuhloswe ngakho ukuphakamisa amapulazi atholakala ngokwemigomo kahulumeni kazwelonek yokushintshwa komhlaba nokwabiwa kabusha komhlaba I-Grain SA ibe nenhlahlha yokuthola uxhasozimali Iwe-recapitalisation Iwabalimi abayi-17 kuphrogremi ngesikhathi salo nyaka zimali.

Ama-Study groups

I-study group esenhliziyweni ye-Grain SA FDP. Yilapha sahlangana khona nabalimi, bazi izimo zabo nezinselelo kanye nokwakha ubudlelwano bokwethembeka; nalapha singenza khona inethiwekhi eqinile nabo.

Ngokuvela kwabo njalo nangokuba khona babo ngendlebe ekhaliphile, izwi lokweluleka no-kwabelana ngenthisekelo yethu ukusebenzisa lokho abanakho ngendlela eqinile nezinze kakhu-lu, abalimi bafundile ukuthi leli thimba lingathenjwa ekusizeni.

Imihlangano inamandla futhi iyiqiniso kanti yenziwa ngaphakathi, lapho kubukiswa khona ngama-DVD ne-PowerPoint kubafakela ugqozi, na-naphandle, lapho abasemahhovisi ezokuthuthukisa nabeluleki bashona phansi basebenzi futhi bangcole emsimini besikhombisa, bekhanda futhi befundisa ngokwenza ngezandla. Kungale ndlela yokuthi abalimi bafunda ukuthi siyanakekela futhi singabalwa kuloko!

Ukwesekwa kwe-Advanced farmer

INingizimu Afrika inabo abalimi asebesezingeni eliphezulu emhlabeni. Kunegebe elikhulu phakathi kwabo neGrain SA's New Era abalimi abakhiqiza amathani angama-250 ommbila emasimu abo futhi balima ihektha ngalinye ukukhiqiza u-250 amathani ommbila emhlabeni wabo futhi balima ihektha ngalinye ukukhiqiza isivuno esiphezulu ku-semi-commercial scale.

Abalimi be-New Era bathuthuke kakhulu kuno-kusekwa okutholakala emazingeni ama-Study Group (ulwazi, ukuqequesha nokukhombisa). Kodwa kuyavunyuwa ukuthi abalimi asebeqhubekile phambili kakhulu basengakalungeli ukuthi 'bakbululwe bazihambele bodwa' noma 'kunqunywe izintambo zephinifa' futhi kungaba ubuwula ukuhamba ngokulinganisa nabo okwamanje nokubadedela 'bagwilize noma babhukude'. Kuyavunyiwe ukuthi nakuba be-qhubeka ngokuthembisayo, kulelizinga iningi labo alikakulungeli ukujoyina amarenke ama-commercial farmers nokuthi bashiywe bengasekelwe.

Inhloso ebalulekile yale phrojekthi u:

- Ukunikeza unyaka owodwa wokuseka ngamandla uqondane nomlimi ngamunye kula-bo abanomekayo asebephumile kusistimu yama-Study Group ngokwezinhelelo zokukhiqiza, ezokuphatha nasekwenzeni amafinancial aplikheshini kanye nokubika njl.
- Emva kokuphela konyaka, kufanele bakwazi ukuphatha njengama-commercial farmers kanye nezaluleko ezithunyelwa ngabeluleki babo ngocingo.
- Unyaka ngamunye i-group yabalimi abasha iyakhethwa futhi iyesekwa ngale ndlela. Uma umlimi elima ihektha ngalinye kuma-commercial standards yesivuno futhi ukhiqiza ngaphezulu kuka-250 wamathani ngonyaka, bazophuthunyiswa ukuba bangene masi-

UKUTHUTHUKISWA KWABALIMI



nyana emkhakheni we-commercial futhi 'ba-zodluliselwa' kubalimi abangama-commercial kuleyo ndawo.

- Le nqubo ineqhaza elisheshayo ekukhuleni kwezinombolo zama-commercial farmers.

I-Pula Imvula

Indima ebalulekile eddalwa *yi-print media* ile-le ekutheni ukwazi ukudiliva ngaso sonke isikhathi nasolwazini olufanele masinyane na-ngokuqequesheka. Leli phephabhu libaluleke kakhulu ukuqwashisa ngemibono emisha nemikhuba nokudulisa imibono ephathelene nokuphatwa kwebhizinisi, ukuhlela nokubhajetha.

Akufanani nomsakazo ne-TV nakho kungephikiswe ukuthi kungamathuluzi okudulisa ulwazi, ngokuphatha iphephabhu ngesandla unga-kwazi ukubheka kulo ngaso sonke isikhathi noma nabelane futhi ulidulisele kwabanye abalimi. *Kwi-Grain SA FDP* iphephabhu libe yithuluzi elisetshenziswa abehhovisi lezokuthuthukisa nabuleki. Okuqukethwe yiphephabhu kuvamise ukuxoxwa kabanzi ngakho emihlanganweni yama-study group ngakho-ke kuba yithuluzi lokufundisa. Futhi, abalimi ngokuvamile beza beliphethi ngesandla iphephabhu kuma-study group bezobuza imibuzo mayelana ne-athikhili abayifundile.

Kuqinisekiswe ukuthi ingxoxo iba yithuba lokufundisa kubo bonke abakhona. Iphephabhu

lihambisana nezethamel i nokwethula imibiko emifushane enezithombe zokuqinisekisa incazel.

Iphephabhu elinombala lePula Imvula isabalaliswa kubafundi abayi- 21 220 eNingizimu Afrika yonke nezilimi eziyi-7 okubalwa kuzo iSingisi, isiBhunu, iseSotho, isiTswana, isiXhosa iseSotho sase-Leboa nesiZulu. Ushicilelo Iwe-Singisi ushicilelw iwe-commercial ngokugcwele. Iphephabhu lixhaswe kanje:

- I-Maize Trust: ngeNyanga – amakhasi ayi-sishiyagalolunye.
- I-Oil and Protein Seed Development Trust: Ngekota – amakhasi amane.
- I-Winter Cereal Trust: Ngekota – amakhasi amane.
- Uxhaso Iwe-Commercial: Ushicilelo IwesiNgisi olwengeziwe: – amakhasi ayiisishigalombili.

Ukuqequeshewa

Izifundo eziningi zitholakala mahhala kwithimba le-*Grain SA FDP*. Lokhu kwensiwa kwaba impumelelo ngoxaso Iwama-trusts i-AgriSETA, i-Maize Trust, i-Winter Careal Trust kanye ne-Oil Seed Trusts namanye ama-stakeholders.

Umxhumanisi wephrogremu yokuqequesha ngu-Dr Willie Kotzé ngokuhlanyela nabanye abaphathi bezifunda bakhetha izifundo ezifanele zabalimi bama-study group athile. Izifundo zethu zokuqequesha zihlelelw uku-adresa ithiyor nama-aplikheshini

aphathekayo ngezihloko eziningi ezihielwe ngo-kwezfundo ezingathatha isikhathi esingaba yiviki ezixhaswa ophathina abanangi abatshale imali.

Uqequesho Iwethulwa ngolimi Iwabalimi futhi ziklanyelwe ukuba zenze umthelela masinyane ebhizirisini labo lokulima, ulwazi lokupathwa kwama-workshop kanye namandla okukhiquiza izitshalo. Umbiko ovamile wabalimi usiqinisekisa njalo ukuthi siyabahlomisa futhi sibanikeze amandla ngendlela ezwakalayo.

I-Twitter

Ngo-2017 salotsha i-akhawunti yethu i-FDP Twitter: I-Grain SA Farmer Dev. I-handle yethu u-@gsafarmerdev. Izihloko eziphiniwe ze-tweet i-newsfeed yethu enencazelo emfushane yevido emayelana nephrogremu yethu. Uma uthanda ukulandela inqubekela phambili yethimi yethu, wamukelekile ku-log in kwi-Twitter ye-akhawunti egqamisa imisebenzi yokulinywa kokusanhlamu nokuthuthuka ezweni lonke. Singathanda ukubona iningi lenu kulelo platifomu futhi nabelane nathi izindaba zomzuzu lapho!

I-athikhili ibhalwe ngu-Jenny Mathews, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna imininingwane egcwele, thumela i-imeyili ku-jenjonmat@gmail.com.

Amathuba ommbila esizini entsha

Kuyohlala kukuhle njalo ukubheka emuva nokucubungula izifundo ezifundiwe eminyakeni edlule futhi usebenzise lezo zifundo ukuhlongoze lokho okungahle kulindeleke ngonyaka uzayo. Unyaka wokumaketha ka-2017/2018 akungabazeki ukuthi unyaka omuhle ngasohlangothini lemikhiquzo.

Ukukhiquzo kommbila kufinyelele esivunweni esiyinqophamlando futhi sasungula izihloko emhlabeni jikelele. Umkhiqizo ophezulu kodwa uhlanguene nezinselelo. Nakuba iNingizimu Afrika ivune isivuno esingaphezelu kwezigidi eziyi-16 zamathani ommbila, umthamo othunyelwe emazweni angaphandle uqhubekile nokuba ungaphansi kobekulindelekile kwezohwebo kanti futhi amanani ommbila abe ngaphansi kwengcindezi ngenxa yesaplayi enku.

Ngonyaka wezimaketha ka-2017/2018, Iningizimu Afrika ibe namanani ayizigidi ezi-4,8 wathani ommbila ongathunyelwa kwamanye amazwe, lokhu kusho ukuthi le lizwe lingahlangabezana nedimandi yokudayisela amanye amazwe engapezelu kwezigid ezi-4 zamathani.

NgoDisemba 2017, isamba sombila odayswe emazweni angaphandle sifinyelele ku-1,7 wezigid zamathani, lesi yisibalo esingaphansi kakhulu kunaleso ebisilindelekile. Njengoba ngomhla ka-8 Disemba 2017, ummbila omhlophe odayswe

emazweni angaphandle ufinyelele ku-540 097 wamathani, kanti ummbila ophuzi odayiswe emazweni angaphandle ufinyelele ku-1,2 wezigid zamathani. Ukukhuphuka komthamo wommbila ophuzi kusekelwe kakhulu yidimandi yezingxenyen zomhlaba ezingaseMpumalanga, ikakhulukazi iJapan, iTaiwan kanye neNingizimu Korea ethengela ikakhulukazi ukondla imfuyo. Nakuba bekunedimandi enhle jikelele yommbila ikakhulukazi emazweni aku-deep-sea, kuyabonakala ukuthi izwe ngeke ligcwaliwe inani lalo okufanele liliyaisele amazwe angaphandle lika-4,8 wezigid zamathani.

Enye inselelo izwe elibhekene nayo ukuphethe ngesitoko esiphezelu kulokhu, sibhebhethekiswe ukwehla komthamo othunyelwa emazweni angaphandle. Sonke isitoko okuqhutshewa naso esingadaiyiswanga emazweni angaphandle sizoholela ekutheni kube nesapla enku kakhulu jikelele, lokho kufaka ingcindezi kuntengo yakuleli. Kulindelele ukuthi ummbila osele okuzoqhutshewa nawo uyunani eliyizigidi ezi-4 zamathani, kanti ummbila omhlophe ubalelw esilinganisweni sika-65% osele.

Isizini entsha

Ngokusho kwe-Crop Estimates Committee, ummbila ozokhiquzo usuwonke ngesizini etsha (ka-2018/2019) kungenzeka wehle ngo-6%. Aku-mangalisi nokho ukuthi indawo ezotshala ummbila omhlophe ingancipha ngo-15% kanti ukutshalwa

kommbila ophuzi kulindeleke ukuba kuhule ngo-8,2% kusukela kusizini edlule. Lokhu kwensiwa yidimandi eyaziwayo ephezelu yommbila ophuzi ozohanjiswa emakethe yokondla kuleli nakwamanye amazwe.

Njengoba amanani entengo yommbila engaphansi kwengcindezi, ummbila omhlophe ikakhulukazi wehle umdlalandla wawo nangenxa yenzozo yawo ephansi kanye nedimandi yawo yokudayiswa emazweni angaphandle. Abalimi abashiyayo ekutshaleni ummbila omhlophe kungenzeka babbek eziyene izindlela ezingenisa inzuko ezifana nesoya ukuze bathole inzuko futhi bengaminyanisi imakethe ngesitoko.

Okubalulekile, esikubonayo ukuthi isizini edlule idlala indima enkulu kokulindelwe ngesizini entsha. Ngalokhu kuzohlala kubalulekile ukulandela isimo sesizini edlule ukuze uhehe okulindelekile kwalokho okungalindelwa yimakethe ngesizini etsha.

I-athikhili ibhalwe ngu-Michelle Mokone, I-Agricultural Economist: ye-Grain SA. Uma ufuna imininingwane egcwele, thumela i-imeyili ku-Michelle@grainsa.co.za.



IZILIMO EZIYISEMBOZO

- yehlisa ubungozi futhi-ke ukhulise umkhiqizo

Sihlala endaweni enomotho wezolimo nesimo sezulu esiguquguqukayo. Uku-guquguquka kwesimo sezulu kuleli, okwenzeke ezindaweni eziningi, ikakhulukazi kudalwa amazinga okushisa olwandle kude ebangeni eliyizinkululwane zamakhilomitha.

Lokhu futhi kudalwa ukuphenduphenduka futhike kwesinye isikhathi amandla aphezulu kakhlulu asuka elangeni ashisa ulwandle andise umswaka-ma oqukethwe ku-atmosfera. Ukuguquguquka kwesimo sezulu esinciphisa noma isikhulelise imvula kanye nokushintsha kwamaphethini kudaleke umonakalo ngohlelo lokukhiqiza emhlabeni owomile akuzilimo eziniselwayo ezifundeni eziphakathi nezwе nezisogwini lolwandle.

Ezinye izindawo zithole izimvule ezijwalelekile noma ezingaphezulu kokwejwayelekile kuleli hlobo ngenkathi ezinye zithole imvula elinganiselwa ku-24 mm ezimvulen iezincane ezsukela ku-2 mm kuya ku-7,5 mm. Lesi simo silandela imimnyaka yokugcine emine noma eyisihlanu yamaphethini emvula engajwayelekile. Ezindaweni ezingi emhlabeni owomile abalimi abakwazanga ukuci-na umswakama owanele ngesikhathi kungaliniyiwe ukuze bakwazi ukuqinisekisa ukuthi ukutshala izilimo zokusanhlamu ngesikhathi esihle kakhulu sokulima kulesizini yamanje.

Umlando, wormthamo wokusanhlamu okwahlukene ngqo nekusasa lomkhiqizo kushiwon ngezinkontileka zamanani entengo angomuso ku-Safex bese kuba nomphumela we-'spot price' noma i-Safex izindleko sezisuswiwe izindleko zokuthutha egcina ikhokhelwa abalimi. Njengoba isisho esithi 'abalimi bathenga ngezindleko zokukhiqiza ezitolo futhi badayise okusanhlamu kwasehholiseyi'.

Ngenxa yezilimo zokusanhlamvu ezinhle zangonyaka odlule 'eziseza' noma okusanhlamvu okugciniwe kunxanxathela yezimakethe kuzinzise amanani entengo yesikhathi esizayo zokusanhlamvu okuningi. Kungafakazelwa ukuthi ngenxa yala manani kulukhuni satshe, ngaphandle uma kungatholakala izivuno eziphezulu, ukwenza umkhiqizo wokusanhlamvu emhlabeni owomile kube nenzuko.

Mhlawumbe seyisikhathi esifanele soku-cabanga ngokuyekela ukulima immbila nja-lo noma ezinye izilimo ufake ezinye izilimo ezishintshisanayo futhi usekhona lapho ekushintshisaneni kokusanhlamvu okungaxutshwe nalutho kufakwe nezilimo eziyisembozo khona lapho ekushintshisaneni.

Izilimo eziyisembozo phakathi
kwezilimo zokusanhlamvu
zokushintshisana ezidayisayo

Ukungenisa izilimo eziyisembozo, okungafaka phakathi okusanhlamvu okutshalwa ebusika phakathi kwezilimo zasehlobo ezishintshisa-

nayo, kufakwe nezitshalo ezahlukene ezi-khethiwe; kuzoncihisa ukwethembela emkhi-qizweni we-cash crop onobungozi obukhulu njengamanje emjikelezweni oqhubeckayo womkhiqizo wezilimo zasehlobo noma zasebusika.



Ukuqondisisa ngokucophelela ukukhetha isilimo esiyesembozo ngaphansi kwengcindezi yokulima endaweni yakho kuzokwenza ukwazi ukukhetha nokulawula lezo ozikhethile kuzoba usizo.



Yithuba elihle kakhulu uma isitoko esincane nesikhulu somkhiqizo singahlanganiselwa kusilimo esihleliwe nesilimo esiyisembozo sokushintshisana.

Le sistimu yokushintshanisa izilimo kanye kanye nokufakwa kwezilimo eziyisembozo ezithile hleze kungabunciphisa ubungozi bezemnotho ngokusabalalisa ingcindezi yesikhathi eside kuhkiqizwa

izilimo zokusahlamu amasizini onke esiqeshini zonke zenhlabathi yokulima onayo. Kuzoqinisa ukuvunda kwenhlabathi nokubanjwa komthamo womswakama ukuze i-cash crop ehleliwe phakathi komjikelezo ohleliwe kungatshalwa ngesikhathi endaweni evundile nemomswakama.

Indawo yokulima ngayinye noma ngabe ilungele kakhulu ubusika, ihlobo noma i-mediterranean production phethini idinga inhlanganisele ethile yesikhundla sesilimo esiyisembozo ukuze kukhuliswe amathuba empumelelo. Ukwethula le-sistimu futhi kuzonciphisa ukuncika kogandaganda abakhulu nababizayo nempahla yokusebenza ukuze ukwazi ukutshala amasimu amakhulu ngesikhathi esifushane sokutshala. Yithuba elihle

Izilimo eziyisembozo zotshani kubalwa kuzo ukudla ifolishi lezinkomo efana ne-oats noma i-korog (*triticale*) endaweni ekhqiqa ehlobo ingasetshenziswa njengethuba. Ama-brassicas angatshalwa kubalwa kuwo amaredishi ahlukena, ama-turnip, i-kale mustard ne-rape. I-Buckwheat yisilimo sasehlobo esikhula masinyane esandisa ifosforasi iphindaphindwa futhi ingatshalwa ngasekupheleni kwesizini.

Izilimo eziyisembozo ezingakhethwa emva kwe-cash crops

I-Cowpea emva kukakolo ingadliwa imfuyo bese iyabulawa ukuze ikhiphe inaythrojini ye-cash crop elandelayo okungaba ummbila uma lokhu



kakhulu uma isitoko esincane nesikhulu somkhiqizo singahlanganiselwa kusilimo esihleliwe nesilimo esiyisembozo sokushintshisana.

Umvuzo wezilimo eziyisembozo

Izilimo eziyisembozo zinemivuzo eminingi nokubalwa kuzo ukuvimbela ukuguguleka kwenhlabathi, ukunciphisa ukugqingqeka kwenhlabathi kanye nokugeleza kwamanyuthriyenti, ukwandisa ukumnceka kwamanzi, i-soil biodiversity engcono, ukulawuleka kokhula kanye nokucindezelu izifo, kwandisa ukubambeka kwekhabhoni enhlabathini, kuba nokukhulu ukuphindaphindeka kwamanyuthriyenti kusetshenziswe kwamanyuthriyenti, umoya ongcono, inhlabathi namanzi okuyikhwalithi, kanye nezilwane zasendle ezahlukahlukene futhi zande.

Ukuqondisiza ngokucophelela kokukhetha izilimo eziyisembozo ngobunzima bendawo yokulima kuzokwenza ukwazi ukukhetha futhi ulawule lezo ozikhethile ngendlela ezokusiza.

Izilimo eziyisembozo ezinemidumba zingasetshenziswa ukulungisa inaythrojini emoyeni ukuze ibe sesimeni sokusetshenziswa enhlabathini. Ngokuvamile izilimo ezinemidumba eziyisembozo kubalwa kuzo i-cowpea, i-winter pea, i-crotalaria, i-red clover, i-sweet clover, i-hairy vetch (ilinywa ngempumelelo kwi-nothili umkhiqizo wesoya eFreystata), isoya neluseni.

kuhleliwe. Ukolosiya ubhontshisi isilimo esiyisembozo ukushintshanise kungasetshenziswa kusize. I-Cereal rye, i-annual ryegrass, ukolo, noma i-oats kungatshalwa emva kukabkhontshisi isoya esheshe yatshalwa. I-Cereal rye ingatshalwa emva kokuvuthwa kukabkhontshisi isoya wamuva noma ummbila kodwa kufanele kusheshe ngokwanele ukuze kuvuthwe ngaphambili kobusika.

Abalimi bangahlela futhi ukutshala izilimo eziyisembozo ngokohlelo lomjikelezo iwasikhathi eside emmbileni, ubhontshisi isoya nojikanelanga ngokushintshanisa. Lezi yizibanelo ezimbalwa zalokho okungenzeka.

Isiphetho

Bheka izilimo eziyisembozo ezingasetshenziswa endaweni olima kuyo phakathi kokushintshanisa ne-cash crop ukunciphisa ubungozi kwezezimali nokwandisa umkhiqizo ohlukena ukuze ukwazi ukuyekela ukuqhubeke ne-grain cropping njalo.



Ibhaliwe umlimi osathatha umhlalaphansi.

THUTHA ABASEBENZI BAKHO NGOKUPHEPHA!

Kulo lonke uchungechunge lwethu lwama-athikhili, siligcizelele iqiniso lokuthi ibhizinisi lokulima ngelinye lamabhzinisi okungelula ukuliphatha. Lokhu kwenziwa yizimo ezithile ezimayelana nebhizinisi lokulima elifana nesimo sezulu kanye nomjikelezo oluliwe wokukhiqiza.

Isithuthi sabasebenzi naso yisibonakalo esihlobene nebhiznisi lokulima – kungaba yisithuthi sabasebenzi ukusuka emakhaya abo beya emsebenzini (okuthathwa njengesenzo esenzeka ngaphakathi) noma ukuthutha abasebenzi ukusuka kwenye indawo yepulazi beya kwenye indawo noma kwelinye ipulazi.

Noma ibhizinisi lokulima liyipulazi elikhulu phecelezi *i-commercial farm* noma ipulazi elicane, isidingo sokuththa abasebenzi kuzokwensiwa noma ngasiphi isikhathi. Kwelinye ipulazi yinto eyenzeka zonke izinsuku kanti kwamanye kwenzeke ngezikathhi ezithile futhi uma isidingo sikhona. Noma kwenziwa njalo noma ngesikhathi esithile kufanele kunakekelwe ngokufana.

Ukuthuthwa kwabasebenzi kuhlala kuyisibonakalo esikhathazayo ngoba izingozi zingenzeke kungalindelekile nangokushasha. Ngakho ke kuyingozi futhi izingozi kufanele zimenejwe ngokufanelekile. Ngakho ke kubalekile ukumeneja ukuthuthwa kwabasebenzi ngokufanele. Uma kwenzeka abasebenzi belimala ngesikhathi bethuthwa futhi kutholakale ukuthi umnikazi wepulazi usephutheni noma ube budedengu, angahlawulisa kakhulu.

Ngenkathi bethuthwa abasebenzi, noma besuka ekhaya beya emsebenzini noma sebebuya emuva noma beya emsebenzini, abasebenzi, umshayeyi wesithuthi, imoto nomlimi noma umnikazi bayabandakanyeka. Ingxenyenayi iphethwe yimithetho nemigomo yemithetho eyahlukene. Ngalokho, ukuphatha okwenzekayo kuzoba ubungozi obuncane kudinga umlimi/imeneja ayazi yonke imithetho nemigomo.

Njengoba kuchaziwe ku athikhili edlule impilo nokuphepha kwabasebenzi kubaluleke kakhulu futhi kupathethwa njengoba kulayezwiwe kuMthetho wezokuPhepha nezeMpilo (No. 85 ka-1993). Isisekelo ukuthi abasebenzi nabaqashi kufanele balandele imiyalelo yomthetho oshiwo. Okunye futhi,

lohlaka olusohlangothini. Ukuze abantu bame emotweni, izinhlangothi kufanele zimbozwe okungenani ubude obuyi-900 mm.

Imonto futhi kufanele ikulungele okuhamba emgwaqeni futhi inakekelwe kahle futhi ingabi nazo izinto eziphumele ngaphandle ezingaba yingoz i kulabo abathuthwayo. Futhi ke imonto kufanele ibe nezinwadi ezifanele. Uma uthutha impahla nabantu ngesikhathi esisodwa kufanele kube nohlaka oluqinile phakathi kwempahla nabagibel ngenhoso yokubavikela.

Zonke le zibonakalo ezingenhla ngokuqondile nangokuqondile zingumsebenzi kamanikazi/imeneja yemoto ukuqinisekisa ukuthi iyahambisana nayo yonke imithetho nemigomo.

Uma kwenzeka kwehla ingozi ngesikhathi kuthuthwa abasebenzi ngaphandle kwenhlawulo besemsebenzini, bangakwazi ukucela isinxephezelo kuKhomishani weZinxephezelo njengokomthetho No. 130 ka-1993, weZokunxephezelo ukuLimala Emsebenzini noMthetho weZifo (*i-COIDA*) njengoba kuchaziwe ku-athikhili edlule. Ngakho, kubalulekile ukuba umqashi abhalise kuKhomishani, ngaphandle kwalokho izinxephezelo zizofuneka kuye. Kodwa, uma umnikazi/imeneja etholakala ukuthi ube nobudedengu noma ehlulekile ukuhlangabezana nazo zonke isidingo ezsenthethweni, uzobekwa amacala okuba budedengu. Kuzoba njalo futhi uma kutholaka ukuthi umshayeli wemonto ubeshayela edakiwe noma ngokungakthalii noma budedengu.

Izithutha zabasebenzi zihlala ziyingozi kubalimi ngakho-ke kufanele ziphathe ngokufanele okusho ukuplana ngokufanele, ukuhlela, uku-implimenta nakulawula. Uma kwenzeka, kungaba yicebo elihle ukuthi ube nomshwalense ozokuhava ngokwe-commercially uma kuba khona izindleko ezifunwayo kumlimi ngasese. Ubozwela njalo ngempilo nokuphepha kwabasebenzi bakho. Ungawathathi amashansi. 



uMthetho Kazwelone Wezokuthutha Ezweni, (No-5 ka-2009), unikeza abasebenzi isithuthi ngenhoso yokuqashwa nalapho umqashi inikeza intzo zokuthutha.

Umshayeli kufanele abe nezincwadi zokushayela ezsenthethweni futhi zihambisanee nohlubo lwemoto ngokoMthetho wo-Mgwaqo, (No.93 ka-1996). Akufanele abe ngaphansi kophuzo oludakayo noma uke-tshezi oluzophazamisa ekushayeleni kwakhe ngokufanele. Uma sikhona isidingo, umshayeli kufanele futhi aphanthe iMvume yokuSebenza njengba abantu behlawulisa uma bethuthwa.

Izimonto ezithutha abasebenzi kungaba yibhakhi, ithraki, ugandaganda nenqola noma ibhasi. Ngokomgwaqo Umthetho wezoMgwaqo imoto abazohamba ngayo kufanele basingathwe yizinhlangothi ezifanele okungenani ubude bazo bube u-350 mm ngaphezelu kwesafesi lapho abantu bezobe behlez khona. Uqapele ukuthi uma uthutha abantu ngaphansi kwalezi zimo kudingeka bahlale phansi. Ngeke bame noma bahlale onqengemeni

I-athikhili ibhalwe nguMarius Greyling, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna iminingwane egcwele, thumela i-imeyili ku-mariusg@mccacc.co.za.



I-DRDAR & GRAIN SA banika amandla abalimi eMpumalanga neKapa

Ng-2017, i-Grain SA yenza esivumelwano ne-Service Level Agreement (i-SLA) ne DRDAR eMpumalanga neKapa.

Inhloso yale sivumelwano sonke ukwakha ubudlelwano bokusebenza nokubambisana ngokweseka abalimi ama-subsistence nama-smallholder uku-khuphula isivuno sabo sifenyelele esivunweni sokudayisa phecelezi i-commercial, nokuhlanganyela ukuthuthukisa intuthuko njalo emiphakathini esemakhaya nokuvikela ukudla kubonkhe aba-zungeze amaphrojekthi akhiqiza okusanhlamu kwa-Grain SA ukukhomba nokweseka osonkontileka bendawo ukuze kwakhiwe ikhaphasithi yemishini emiphakathini; nokuthuthukisa nokuni-ka amandla amagrajuwethi ngokuwakhombisa ngokuphathekayo ukulinywa kokusanhlamu.

Balinganisela ku-16 wezigidi abaseNingizimu Afrika ababhuqwya yndlala futhi izehlakalo eziphezulu ziphakathi kwamakhaya aholwa

“Ukuqedo indlala nokusungula umcebo ngaphansi kwe-free market system kuncike ekukhuleni komnotho wemikhakha.”

abesifazane ezindaweni ezisemakhaya. Ukuqedo indlala nokusungula umcebo ngaphansi kwe-free market system kuncike ekukhuleni komnotho wemikhakha. Lokhu kungadalwa ukuthi ukhula komkhakha owodwa kuholela ekukhuleni komunye umkhakha i.e uku-khulisa kwamasaplaya emethiriyali ehlaza bekulokhu kuhula nokuhula nalabo abaphrosa i-raw mathiriyali.

Ngakho-ke, iNingizimu Afrika namuhla ineminotho emibili eyahlukene emikhakheni eminingi i.e. umnotho othuthukile uphinde ubi-

zwe ngomnotho wokuqala kanye nomnotho osathuthuka ophinde ubizwe ngomnotho wesi-bili. Lokhu kuhamba ngakubili kusika phakathi yonke imikhakha yezolimo, ama-sub-sektha namakhomodithi okufaka phakathi umkhakha wokusanhlamu, kulapho igxile khona lephro-jekthi. Isibalo esiphezulu sesibalo sabantu sithathwa njengesinokudla okungavikelekile, sinezingane ezingondlelekile eziwewe umsoco.

Inhloso yale-SLA ukuba i-Grain SA ixhumane nosonkontilaki ukuba basize abalimi ku-3 656 ha batshale izilimo zabo (ngokwemithetho ye-Jobs Fund Phrojekthi) Ezindaweni ezilinywa ngoku-hlanganyelwa zaseMpumalanga neKap, ngenxa yenhsoso yokuhiqiza ummbila kanye nokudayisa okusele lokho kukhiqizwe ukuze kusekele imali engena ephaketheni kula balimi abasemajuku-wini asendaweni esemakhaya.

Abalimi baziqoqela eyabo imali i-hektha ngalinye. Izinkampani ezi-saplaya ama-input

Ithimba labahleli

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

46 Louw Wepener Street
1st Floor
Dan Pienaar
Bloemfontein
9301
► 08600 47246
► Fax: 051 430 7574 ▲ www.grainsa.co.za

UMHLELI OMKHULU

Jane McPherson
► 082 854 7171 ▲ jane@grainsa.co.za

UMHLELI UKWABA

Liana Stroebel
► 084 264 1422 ▲ liana@grainsa.co.za

IMIDWEBO, ISAKHIWO KANYE NOKUSHICILELA

Infoworks
► 018 468 2716 ▲ www.infoworks.biz



IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:

IsiZulu,
IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

Uhlelo IweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

ABAQONDISO BENTUTHUKO

Johan Kriel
Free State (Ladybrand)
► 079 497 4294 ▲ johank@grainsa.co.za
► Office: 051 924 1099 ▲ Dimakato Nyamboso

Jerry Mthombohi

Mpumalanga (Nelspruit)
► 084 604 0549 ▲ jerry@grainsa.co.za
► Office: 013 755 4575 ▲ Emelda Mogane

Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)
► 082 354 5749 ▲ jurie@grainsa.co.za
► Office: 034 907 5040 ▲ Sydwell Nkosi

Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Dundee)
► 082 650 93157 ▲ dundee@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8069 ▲ Nkosinathi Mazibuko

Luke Collier

Eastern Cape (Kokstad)
► 083 730 9408 ▲ goshenfarming@gmail.com
► Office: 039 727 5749 ▲ Luthando Diko

Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)
► 084 264 1422 ▲ liana@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8057 ▲ Hailey Ehrenreich

Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)
► 082 877 6749 ▲ dutoit@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8038 ▲ Lebo Mogatlanyane

Sinelizwi Fakade

Mthatha
► 071 519 4192 ▲ sinelizwifakade@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8077 ▲ Cwayita Mpotyi

Articles written by independent writers are
the views of the writer and not of Grain SA.

I-DRDAR & Grain SA banika amandla abalimi eMpumalanga neKapa



(IMonsanto, i-SA Lime & Gypsum, i-Kynoch, i-Syngenta kanye ne-Villa Crop Science), be-nza izaphulelo kuma-inputs; I-Jobs Fund ifaka ingxene yezindleko zama-inputs kanye nenzi-dleko zokwalulekwa.

Imali ekhishwa yi-DRDAR eyokukhokhe-la osonkontileka ukuze balungisele abalimi amasimu, batshale futhi bafafaze izilimo eMpumalanga neKapa. iGrain SA yabelana ngolwazi neminingwane, ukuqinisekisa ukuqapha ngokuphelele nokuvivinywa kwamaphrogre-mu nokuthuthukiswa kwe-system yokubika mayelana namaphrojekthi abazowaqaala. Abathole iziqu kule zindawo ezithagethiwe barikruthwa futhi benzelle izinkontileka kwa-*Grain SA* futhi baxhaswa yi-DRDAR. La magrajuwethi asebenza eduze kakhulu nab-e-luleki endaweni athole ulwazi ulubambekayo ngase leso sikhathi basuke bethamela izifundo zokuqequesha ezilungele izidingo zabo.

EMpumalanga neKapa, iphrogrammu yeGarin SA isebeza kusukela ezifundeni ezi-nhlau amagama azo: Yi-Alfred Nzo, Amathole, Chris Hani, Joe Gqabi ne-O.R. Tambo. Okunye okucatshangwayo ukuthi okusanhla-mvu okukhiquiza yila balimi kunga-saplaya i-Agri Parks esifundazweni (uma sezisebenza).

Iningi labalimi elisemakhaya asema-jukujukwini abanayo imishini engeyabo futhi abanawo amandla okukhokha izindleko zoson-kontileka. Ngalesi sivumelwano, iGrain SA izokwazi uku-asesa nokufaka osonkontileka bezolimo endaweni ukusiza abalimi ngoku-lungisa umhlabo, ukutshala nokufafazwa ko-mhlabo, (abalimi abayingxene yeJobs Fund Project kanye namanye amaphrojekthi afan-yayo asekhekhele ingxene yawo).

Mayelana nabalimi, iGrain SA ivumile uku:

- Ukukhomba bonke abalimi abahlanganye ngokusekwa umnyango. Ukuhlanganyela kwabali mi kuncike ekuzikhkheleni kwabo imali yephrokethi ngomhla ka-31 Julai njalo ngonyaka.
- Bathola umnikelo kumlimi ngamunye – abalimi badiphozitha imali ngqo kwi akhawunti yaseStandard Bank evulelwe leyo nhloso futhi basayine isivumelwano se-jobs fund, noma ezinye izivumelwano ezifanele.
- Uku-odela abalimi ama-input afanele; baqoke abeluleki; baqeqeshe abalimi ngokukhiquiza nangokukhangisa/ukumaketha.
- Ukusiza abalimi ngokukhangisa ngezilimo zabo ezisele.

Mayelana nosonkontileka, iGrain SA ivumile uku:

- Ukhetha osonkontileka abafanele nabanolwazi abanezinto zokusebenza ukulungi-sa nokutshala amasimu aqokiwe abalimi.
- Uku-asesa izinto zokusebenza zosonkontileka futhi baqiniseke ngokuthi banalo ulwazi lokwenza lo msebenzi abanikwe wona.
- Ukusekela osonkontileka kuyo yonke inqu-bo ukuqinisekisa ukuthi umsebenzi wabo bawenza ngokusezingeni elifanele.

Siyakholwa ukuthi le phrojekthi iyaphumelela. Ngenxa yokuthi abalimi bendawo nabani kazi bogandaganda banikezwu amandla okuthuthuka babe wosonkontileka kuzoqinisekisa ukuthi umkhiqizo wezilimo uzoqhube ka isikhathi eside emva kokuphela kwasikhathi sale phrojekthi. Kubalulekile ukusebenzia abantu bendawo njengabaletha izidingo njengoba bahlala khona emphakathini futhi bayingxene yabantu ababasevayo. Ukudiliva kwabo, nokungadilivu ngokunjalo, kuzoba nomthelela esimeni sabo emphakathini futhi yiso isizathu esisodwa esizokwenza benze umsebenzi oncomekayo.

Iphrogrammu yokunikeza amandla amagrajuwethu idingeka kakhulu – baningi kakhulu abantu abasha abangathanda ukuba yingxene yalo mkhakha nabafunde ezikhungweni zemfundo ephakeme. Kodwa, kuzobukeka sengathi amanyuvesi namakolishi awasayenzi i-practical training ngakho ke emva kokuthwe-swa iziq, akukho okungako abangakwenza ensimini njengoba bazi ithiyori yakho konke yodwa abanaso isipiliyon. Ngobudlelwano esibakhayo ngalama-intheni, sibafundisa ukulima ngokwenza futhi sibavula amehlo ngokulima kwangempela nangezinselelo zoqobo ababhekana nazo abalimi zonke izinsuku.

Siyabonga kakhulu ngobambiswano esinalo ne-DRDAR futhi siphokophelele ukuba-siza ekwakheni lo mkhakha kule sifundazwe – Sisonke singenza okuningi.

I-athikhili ibhalwe ngu-Jane McPherson, iMeneja yePhrogrammu yokuThuthukiswa kwabali kwa-*Grain SA*. Uma ufuna iminingwane egcwele, thumela i-imelyili ku-jane@grainsa.co.za.



THIS PUBLICATION IS
MADE POSSIBLE BY THE
CONTRIBUTION OF
THE MAIZE TRUST